# INKULUMO KA NGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA KANYE NOKUXHUMANA NOMPHAKATHI UMNUMZANE BHEKI CELE KUHLATSWA ISOYI LOKWAKHIWA KWE SIBAYA BRIDGE ZIWU 27 SEPTEMBER 2005:

Ngihlale ngisho ngithi ngizokhankasa ngaso sonke isikhathi ukuba kukhushulwe labo ababuthaka ngesikhathi sami ngiwungqongqoshe.

Yingakho ke uMnyango wami wezokuThutha uloku uqhubeke njalo ukuthola izindlela ezinobuchule Zokuba abantu bathole izidingo zabo futhi kube khona amathuba akhiwayo ukuze kuhlale kukhona amathuba azosiza abantulayo.

Indlela esizama ngayo ukuqinisekisa ukuthi abampofu bathola ukunakekeleka kwezomnotho iyabonakala uma ubuka izinhlelo zoMnyango wami ezifana noVukuzakhe, uZibambele, ukulekelela ezokuthutha umphakathi ngama subisidy kanye nemizamo yokufukula imboni yamatekisi.

Iqiniso lokuthi amaphesenti awu 75,3 esabelo semali yoMnyango awoku thuthukiswa nokugcinwa kwemigwaqo yalesifundazwe isesimweni esifanelekile kuyakhombisa ukuthi sizimisele kanjani ukufeza izinjongo esibekelwe ukuba sizifeze ukuze izakhamuzi za KwaZulu Natal zingantuli kwezokuthutha.

Ukuhlangana kwethu ke namuhla kuyafakazisa ngempela ukuthi uHulumeni uzimisele ukuvala igebe phakathi kwemiphakathi eyakhele leli eyahlukene ngezomnotho – abasemadolobheni nabasemakhaya.

UHulumeni ukuqonda kahle ukuthi ezokuthutha ziwu mgogodla wokuxhumanisa izindawo zase makhaya kanye nezise dolobheni, kuhlangene nayo yonke i-Afrika eseNingizimu, zibe futhi zilekelela kakhulu ekuthuthukiseni ezomnotho nezenhlalakahle yemiphakathi eyakhele lesifundazwe.

Akuyona ingcebo eyakha imigwaqo, kodwa imigwaqo eyakha ingcebo.

Namuhla sihlangene ngeSibaya Lake Bridge. Kunezikole ezintathu duze nomfula okulukhuni ukufinyelela kulesikole uma uqhamuka ngakwelinye icala duzane nesitolo i Shayamoya.

Isikole lesi kufinyeleleka kanzima kusona, kusetshenziswa umgwaqo ongenawo amatshe. Abantwana bawuwela ngezinyawo umfula lo, futhi lendlela inomango.

Ekuhlabeni isoyi namuhla, sithi lemiphakathi sekuyisikhathi sokuba ibe nendlela engcono yokuhamba. Awubheke nje indawo yaKwaSonto ile ekudeni yodwana, okwenza ukufinyeleleka kuyona kube lukhuni kakhulu ngenhla yesihlabathi kanye nokungabikho kwenhlabathi enamatshe okwakha umgawqo. Kanjalo nomfula uMnandamu awunabhuloho.

Lelibhuloho lizosiza ekutheni abantu bakwazi ukuwela umfula noma ngabe kuthiwa izulu linjani. Ibhulohho uMnandamu lizosiza ekuxhumaneni nomgwaqo u A10702 oqhamuka eMseleni, okuzovala isidingo sokuba kube khona izimoto ezinqamula izinkalo ukuze kufinyelelwe esikoleni.

Sizoqala ngokwakha ibhulohho okuzolandelwa umgwaqo.

I tender ka Stage 4 ku Vukuzakhe yokwenza lomsebenzi isikhishiwe, kanti iyavala nje njengoba kuphela uSeptember.

Uma amathenda esenziwe, kuyaqala ukwakhiwa emva kokuba isivumelwano ngesinqumo sokusebenza sesikhishiwe uMnyango wezoLimo kanye nezeMvelo.

Sibhekeke ukuba sisebenzise imali engango R6 million ukwenza lomsebenzi.

Ibhulohho leli lizoba u 37 metres ubude elikwazi ukuhamba imoto eyodwa kuphela kanti abantu nabo bazokwazi ukuhamba kulona eceleni libe nama spans amahlanu.

Umgwaqo wona uzoba ama mitha awu 1,3, kanti uzoqala esitolo iShayamoya uphele kwaSonto School.

Ngaphezu kuka R6 million ozotshalwa la, izimpilo zabantu bakulendawo zizothuthukiswa kakhulu ngezinye futhi izinhlelo zokufukula isimo sengqalasizinda kulendawo ezothatha imali engango R11,9 million, ehlanganisa ukugcinwa komgwaqo usesimweni, oZibambele, ukuvuselelwa komgwaqo okuqhubekayo, ukwakhiwa kwemigwaqo ethubeleza emiphakathini ezokwakhiwa uVukuzakhe, kanye nokuphepha.

Ekuhlabeni isoyi namuhla, asihlanganisi kuphela imiphakathi ukuze ikwazi ukusebenza emikhakheni eyahlukahlukene, kuhlanganisa ezomnotho, ezamaciko namasiko, kodwa futhi sizama ukwakha impilo engcono kubo bonke abantu.

Loku enye futhi indlela uHulumeni azama ukukhombisa ukuzimisela kwakhe ukuphakamisa izinyawo ekulethweni kwezidingo zemiphakathi eyakhele elakwaZulu Natal, ikakhulukazi uma kukhulunywa ngokuntuleka kwengqalasizinda emakhaya kanye nezinye izindawo okuhlala kuzo abantu ababengenawo amathuba entuthuko ngaphambilini.

Akungabazeki ukuthi uMnyango wezokuThutha ususezingeni eliphezulu ekwakheni amathuba alinganayo ekutheni kube khona izinhlelo zezokuthutha eziphusile eKwaZulu Natal.

Kuningi osekwenziwe ngempumelelo eminyakeni eyishumi eyedlule. Kuningi futhi okusengenzeka eminyakeni emininingi ezayo.

UMnyango wethu usanda kuqeda ukuba yinkundla yengqophamlando yeNkomfa yomhlaba eyaziwa nge 2nd Africa Technology Transfer Conference, lapho bekudingidwa ngezinto ezahlukahlukene ezimayelana nezokuthutha. Ngineqiniso ukuthi izinqumo ezithathwe kulenkomfa zizolekelela kakhulu ekwakheni iKwaZulu Natal lapho bonke abantu bezizwa besekhaya.

Ekugcineni, ngifisa ukunikhumbuza ukuthi iNyanga ka October isiye yethiwa kwathiwa eye zokuthutha umphakathi. Ngiyanicela nonke ukuba nibambe iqhaza ezinhlelweni ezahlukahlukene ezibhekeke ukuba zenzeke.

Masisukume Sakhe – Let us Rise Up and Build.

Ngiyabonga.